# Isifinyezo sokuFundisa Okufana nokwaKristu

**Gxila kuJesu Kristu**

| Fundisa ngoJesu Kristu Noma Ngabe Yini Oyifundisayo | Siza Abafundi Beze kuJesu Kristu |
|---|---|
| Gcizelela Isibonelo sikaJesu Kristu | Siza Abafundi Babone Uthando, Amandla, Nomusa weNkosi Ezimpilweni Zabo |
| Fundisa ngamaGama, iziNdima, kanye nesiMilo sikaJesu Kristu | Siza Abafundi Baqinise Ubudlelwane Babo noBaba oseZulwini noJesu Kristu |
| Bheka Izimpawu Ezifakaza ngoJesu Kristu | Siza Abafundi ukuba Baphokophelele Ukuzama ukuba NjengoJesu Kristu |

**Imigomo Yokufundisa NjengoKristu**

| Bathande Labo Obafundisayo | Fundisa ngokoMoya | Fundisa IMfundiso | Mema Ukufunda Ngenkuthalo |
|---|---|---|---|
| Buka abafundi ngendlela uNkulunkulu ababuka ngayo. | Zilungiselele ngokomoya. | Zifundele imfundiso kaJesu Kristu. | Siza abafundi ukuba bazifundele bona ngokwabo. |
| Funa ukubazi—ukuqonda izimo, izidingo kanye namandla abo. | Hlala ukulungele ukusabela ngokushesha uma uzwa iziqwashiso zangokomoya mayelana nezidingo zabafundi. | Fundisa okuvela emibhalweni engcwele nasemazwini abaprofethi bezinsuku zokugcina. | Khuthaza abafundi ukuba bamazi uMsindisi ngokulifunda ivangeli nsuku zonke. |
| Bakhulekele ubabize ngamagama. | Yakha indawo namathuba ukuba abafundi bafundiswe nguMoya oNgcwele. | Siza abafundi bawafune, bawabone futhi bawaqonde amaqiniso asemibhalweni engcwele. | Mema abafundi ukuba balungiselele ukufunda. |
| Enza indawo ephephile lapho bonke behlonishwa futhi bazi ukuthi ukuphawula kwabo kubalulekile. | Siza abafundi basifune, basibone futhi benze okuthile ngesambulo somuntu siqu. | Gxila emaqinisweni aholela ekuguqukeni futhi akhe ukholo kuJesu Kristu. | Khuthaza abafundi ukuba babelane ngamaqiniso abawafundayo. |
| Thola izindlela ezifanele zokukhombisa uthando lwakho. | Hlala ufakaza, futhi ukhuthaza abafundi ukuba babelane ngemizwa, abadlule kukho, kanye nangobufakazi babo. | Siza abafundi bathole ukuthi imfundiso kaJesu Kristu iphathelene nabo siqu. | Mema abafundi ukuba bakuphile lokho abakufundayo. |